**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, UMNU. WILLIES MCHUNU, AYETHULE EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOKWAKHA UMGWAQO OYITIYELA KU-P390, KWAMGWAGWA, KUMAZIPALA WASEMSUNDUZI, EMGUNGUNDLOVU DISTRICT, MHLAKA 26 MAY 2016**

- Mphathi wohlelo, uMnu. Siboniso Mbhele;
- USekela Meya woMkhandlu waseMsunduzi, uKhansela T. Zuma;
- Ibambela Nkosi yeSizwe Inadi Traditional Council, Umnu. N.S. Radebe;
- AmaLungu esiShayamthetho;
- AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
- Amakhansela akhona;
- Ubuholi bezinhlaka zonke ezikhona emphakathini;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
- Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo kwezokuThutha;
- Umphakathi wonke waKwaMgwagwa, eMsunduzi naseMgungundlovu wonkana.

Ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi njengoHulumeni wesifundazwe iKwaZulu-Natal sithole leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha KwaMgwagwa, ngaphansi kumasipala uMsunduzi noMgungundlovu wonkana ukuba sizokhuluma ngezindaba ezithinta intuthuko.

Ukuza lapha namhlanje kuyingxenye yezinhlelo zikaHulumeni zokuya kubantu lapho sibachazela khona ngemisebenzi esesiyenzile, nesiyenzayo njengamanje, naleyo esizoyenza emiphakathini yakithini.

Lokhu kubalulekile ngoba ukuba nolwazi yikona okwenza abantu baqonde ukuthi uHulumeni abazikhethela bona ngempela ungowabo.
Kwenza ukuthi abantu bangadukiswa kalula yilabo ababathembisa ukubenzela izinto kanti vele noHulumeni wabo unezinhlelo zokubenzela lokho ukuze babe nempilo engcono.

Abanye baze baphume benze imibhikisho bavale imigwaqo, bacekele phansi nempahla yomphakathi kanti benziwa ukungazi ukuthi zikhona izinhlelo zokuletha leyo ntuthuko abakhala ngayo.

Namhlanje sikhuluma ngokuthi sigubha iminyaka engu-16 yoHulumeni basekhaya (Local Government) eNingizimu Afrika, ngokuziqhenya ngentuthuko uHulumeni ka-Khongolose osuyilethile emiphakathini.

Uma sigubha le minyaka kumele sisho ukuthi nakuba sisazi isikhathi sobandlululo esiphuma kusona, futhi sizazi nezinselelo esisabhekane nazo kule minyaka engu-22 edlule yenkululeko, kodwa kancane sizogcina sifikile nakulabo abasasalele emuva ekutholeni impilo engcono ngokuphelele.

Kule minyaka edlule ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-African National Congress (ANC), sibone abantu abaningi bakhelwa izindlu, imitholampilo, nezikole.
Ningofakazi futhi nibonile imiphakathi, ukuhlanganisa wona lo waKwaMgwagwa, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile nogesi, okusaqhubeka njengoba abantu bakha izindlu imihla ngemihla.

Siyazi ukuthi izindlu zizokwakhiwa, kulo Ward-3 kuno **2 200** izindlu esezakhiwe zanikezelwa kubanikazi.

Namuhla silapha sizothula uhlelo lokuthuthukisa umgwaqo komgwaqo u-P390, ukusuka obhuqwini kuya etiyeleni. Lomgwaqo uxhumanisa lendawo nendawo yakwaMpande (ku P399), uhambe njalo uyoxhumana nendawo yaseMpophomeni, ku P412, osuvele wakhiwa, nase Howick. U-P402, lo odlula lapha ngasesikoleni, nawo usohlelweni lokuthuthukiswa. Kanjalo imigwaqo yangaphakathi esiyibiza ngama-*access roads* ehamba amatekisi, nayo isezinhlelweni zokuthuthukiswa.

Ngaphansi kwalo Hulumeni kaKhongolose abantu bakithi abaningi sebehlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuxhosa indlala, ukuze ebhekeni nezingane noGogo noMkhulu.

Siyazi futhi ukuthi baningi abanye ababesigxeka ngale mali besho izinto ezahlukene. Kodwa njengoHulumeni onakekelayo asizange sizisole ngesinqumo sethu.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka kakhulu kwesibalo sezikole okufundwa kuzona mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ngaphezulu kwezigidi ezimbili (2 million) ukudla okunempilo khona ezikoleni.

Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Odabeni lokuphepha, siyazi ukuthi baningi abantu abasalokhu beba yizisulu zobugebengu. Siyazi futhi ukuthi izigebengu zingagcina seziwubuyisela emuva umsebenzi omuhle esesiwenzile kule minyaka yentando yeningi.

Yingakho-ke ngaphansi komNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesikwazile ukwakha izinhlelo eziningi zokulwa nobugebengu ikakhulukazi ngaphansi kombimbi lokulwa nobugebengu esithi, *i-United Front Against Crime*.

Kuhlale kusikhuthaza kakhulu ukusebenzisana okuhle phakathi kwethu njengoHulumeni nezinhlaka ezilwa nobugebengu emiphakathini.

Vele phela ngeze baphela ubugebengu uma abantu behleli besonge izandla. Futhi angeke umuzi nomuzi ube nephoyisa eliwugadile ngaso sonke isikhathi.

Ngakolunye uhlangothi, uHulumeni walapha KwaZulu-Natal kule minyaka edlule usungule uhlelo lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*. Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba kumele iqale khona lapha eWadini.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*War Room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*War Room* yangakubo.

Njengoba bese ngishilo, namhlanje singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal size lapha ukuzokwethula uhlelo lokwakha itiyela kulomgwaqo uP390. Lomgwaqo umaphakathi KwaMpande, lapho oxhuma ku P399 naseMpophomeni lapho uhlangana khona no P411. Ikakhulukazi u-P390 uzohlanganisa lendawo ne Taylors Halt, KwaMcane neMpophomeni, neHowick, kuyakuthelawayeka uN3.

Lo mgwaqo ongamakhilomitha evile kwamahlanu ubude sifake kuwona imali engu-**R83 million.** Ukwakhiwa kwalomgwaqo kuzosungula amathuba emsebenzi aqondile angu 50, kanye namanye awumthelela, kanti izikole ezihlanganisa iSilindokuhle Combined Primary ne Sibanesihle High School, ngezinye ezizohlomula.

Sifisa ukucacisa lapha ukuthi asizile ukuzokwenza izethembiso kodwa sizokwethula umsebenzi. Ngomhlaka 31 kuMay 2016 – okusho ukuthi yona lenyanga ephezulu – silindele ukuthi kuqale umsebenzi wokwakha.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo. Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi.

Maningi-ke namanye ama-*project* esesiwenzile nesisazowenza kulo Masipala waseMsunduzi nesiFunda sonke soMgungundlovu, okungashona ilanga uma siwabala.

Kodwa uma sibheka imisebenzi emikhulu yokufaka itiyela namabhuloho, esithi ama-*capital project*, phakathi kwesesiwaphothulile nje lapha eMsunduzi singabala:

- iNhlambamasoka Pedestrian Bridge eseliphothuliwe ngo-**R1.8 million** KwaMafunze eTaylors Halt;

- Willowfontein River Pedestrian Bridge ngo-**R4.5 million** elizosiza imiphakathi yaseWillow nakwa-BB;
- Amabhuloho okungelezinyawo, elesitimela nelokuwela ixhaphozi KwaPata wonke asephothuliwe ngo-**R5.5 million**.

Kulawo esisaqhubeka nokuwakha njengamanje singabala:

- U-**P412** phakathi kweNtembeni noNxamalala esifake kuwona u-**R64 million**. Lo mgwaqo uzobe usuphelile ezinyangeni ezimbalwa ezizayo, uhlangani u P7-2 no P399, nemiphakathi yakwaShange naseZibomvini, kanye nezikole ezihlanganisa iMpane High School, KwaShange Primary neMzimba Primary;
- Imigwaqo okuyiMpendle, Thandokuhle Creche, Mkhiz'obomvu noShange Local Road eWillowfontein esifake u-**R47 million**;
- uNomponjwane Road noSponono Road okuyimigwaqo eyakhiwayo KwaDambuza, ngaphansi kohlelo loMnyango lokulekelela oMasipala ukuba kulungiswe imigwaqo yasemalokishini emidala okungasahambeki kuyona ngenxa yokuguga. Lapha sifake u-**R21 million**;
- ICulvert, okuyindawo yokuwela umfula eyenziwe ngamatshe, KwaGezubuso lapho sifake u-**R7 million**. NgoSeptember uzobe usuphelile lo msebenzi;
- U-**D599**, ongu **10.4** amakhilomitha, ose Wartburg, ozobiza u**R133 million**;
- U-**D1357 no P27-2** osemgwaqeni u-P127, osuka eMpendle uye eHimeville, ongamakhilitha angu **27.2**, ozobiza u**R350.8 million**;
- U-**P130** ongu **20.4** amakhilomitha eMpendle ozobiza u**R204 million;**
- U-P489 okumasipala waseMkhambathini ubude bawo bungu 27.3 amakhilomitha esizotshala kuwo u-**R360 million**.

Kukhona neminye imigwayo engenela emiphakathini, ama-*access road*, esiqhubekayo nokuyakha emawadini ahlukene ezindaweni zamakhosi lapha eMgungundlovu.

Ngonyaka wezimali odlule ka-2015/2016 sisebenzise imali engaphezulu kuka-**R5 million** ukwakha ama-*access road* lapha eMsunduzi.

Kuleyo migwaqo kukhona:

- uMasawuzana Local Road kuWard 1, KwaMpumuza;
- Polokwane Local Road kuWard 3, KwaMafunze;
- Mhlotlong Local Road kuWard 6, eNadi;
- Kanye noNgwazini Local Road kuWard 5, KwaMafunze.

Ngokwakhiwa kwale migwaqo kuvela namathuba omama bakaZibambele abasebenza ukuyigcina isesimweni.

Uma sibheka kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2016/2017, imali esiyifake kule District iyonke ukwenza imisebenzi yemigwaqo ibalelwa ku-**R235 million**. Kanti uma ubheka kusabelo mali esedlule sika 2015/16, uMyango wezokuThutha ufake imale engu **R511.4 million** eMgungundlovu District, kwakheka amathuba omsebenzi angu **264**.

Sengiphetha, ngithatha leli thuba ukuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni lomasipala, lapho sikhetha amakhansela ethu, ngomhlaka 3 August, siyaninxusa ukuba niphume ngobuningi benu niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle nangobuhlakani.

SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo zonke izinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi.

Ngiyafisa futhi ukukudlulisa lokhu osekuyisihlava esibi emiphakathini yakithi, esibizwa ngamibhikisho ekhalaza ngezinsiza zemiphakathi, ama-*public protest*. Siyavuma ukuthi abantu, ngokomthetho banelungelo lokubhikisha ngokuthula.

Kodwa akekho umuthu onelugelo lokubhikisha okungekho emthethweni. Futhi akenkho umuntu onelungelo lokuhlukumela nokucekela phansi impahla yomunye umuntu, yeKhansela, yomphakathi Kanye nekaHulumeni.

Kusiphatha kabi ukuthi eminingi imiphakathi isivulele izigilamikhuba intuba yokuganga, ngokusebenzisa izikhalazo ngendlela ebhidlizayo, kuneyakhayo. Siyimiphakathi nezakhamuzi, asiyigweme lenkohlakalo. Asisisebenzisane nezinhlaka zomphakathi nezikaHulumeni kanye namaphoyisa ukulwa nobubha nobugebengu emiphakathini yethu.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

Nikhumbulule ngomhlaka 3 August ukuthi ngubani onilethele intuthuko, nokuthi ngubani onezinhlelo zokuqhubeka anithuthukise.

Ngiyabonga.